## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI.

. **ISIQEPHU A**: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo. **20 AMAMAKI**

. **ISIQEPHU B**: Imibhalo emifushane edlulisa imiyalezo. **20 AMAMAKI**

. Phendula umbuzo **OWODWA kwisiqephu A imibhalo emide NOMA EMIBILI** kwisiqephu B **kwimibhalo emifushane**.

. Bhala ngesandla esibonakalayo nesicacile.

. Qaphela inani lamagama emibhalweni yakho.

. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

## ISIQEPHU A: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

## UMBUZO 1

Khetha umbuzo **OWODWA**.

Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo, ubhale ngaso. Umbhalo wakho mawusukele enanini lamagama ayi-160 kuya kwayi-180 ubude.

### 1.1 INCWADI YOBUNGANI

Ugogo wakho uhlala yedwa eThekwini manje useyagula usefisa ukuthi uzohlala naye ngonyaka ozayo ufunde khona.Bhalela ubaba wakho incwadi ucele ukuyofunda eThekwini ngonyaka ozayo.

**[20]**

### 1.2 UMLANDO KAMUFI

Kushone ubhuti wakho obesebenza eMnyangweni wezeMfundo. Umndeni wakho ucele ukuthi ubhale umlando wakhe ozofundwa ngosuku lomngcwabo wakhe.
Bhala umlando kamufi.

**[20]**

### 1.3 INCWADI YOKUZICHAZA (CV) NENCWADI EHAMBISANA NAYO

**U**bone isikhangisi somsebenzi wokuba umabhalane ephephandabeni iLanga esikhangiswe abakwa -Sportnet eThekwini, Privet Bag 1985, Durban, 4001

**NAZI IZIDINGO ZOMSEBENZI ABAZIFUNAYO**

- Umuntu okwazi ukukhuluma nokubhala isiZulu kanye nesiNgisi kahle.
- Ulwazi lokusebenzisa ikhompyutha.
- Uthando lwabantu.

**Qaphela:** kuvalwa mhla ziyi-10 Lwezi 2023

Bhala incwadi yokuzichaza (cv) nencwadi ehambisana nayo uyithumele kule nkampani.

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A:[20]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha imibuzo **EMIBILI.**

Khetha izihloko **EZIMBILI** kulezi ezilandelayo, ubhale ngazo. Umbhalo wakho mawusukele enanini lamagama ayi-100 kuya kwayi-110

2.1 **INKOMBANDLELA**

Esikoleni sakho kunomcimbi wokuvalelisa uThisha osethatha umhlalaphansi. Lomcimbi uzohanjelwa yisikhulu soMnyango wezeMfundo esingakaze sifike esikoleni sakho. Bhala **inkombandlela** umyalele ukusuka edolobheni langakini aze ayofika esikoleni sakho.

**[10]**

2.2 **IKHADI LESIMEMO**

Udadewenu uZanele Mchunu uzobe enzelwa umcimbi womemulo ngamaholidi kaZibandlela. Bhala **ikhadi lesimemo** enizomema ngalo bonke abantu enifisa babe yingxenye yalo mcimbi omuhle kangaka. **[10]**

2.3 **UMBIKO**

Izinga lokusetshenziswa kwezidakamizwa esikoleni sakho liya ngokudlondlobala minyaka yonke. Yinkinga enkulu le ngoba abafundi bayaphazamiseka esikoleni. UThisha wakho wesiZulu ube esekucela ukuthi wenze uphenyo ngale nkinga.

Bhala **umbiko** ozowethula ekilasini ngocwaningo olutholile ngokusetshenziswa kwezidakamizwa ngabafundi esikoleni sakho.

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 20**